
**NguMongameli uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



# Isithembiso Sokuguquka Kwezinhliziyo

Umama wami, uMilred Bennion Eyring, wakhulela emphakathini wokulima waseGranger, Utah, e-USA. Omunye wabafobakhe, uRoy, walandela ibhizinisi lomndeni lokufuya izimvu. Esengumfana wayechitha amaviki amaningi engekho ekhaya. Ekuhambeni kwesikhathi wazithola engesenawo umdlandla wokuya eBandleni. Ekugcineni wathutha wayohlala e-Idaho, e-USA, washada, futhi waba nezingane ezintathu. Washona eneminyaka engu-34 ngenkathi unkosikazi wakhe eneminyaka engu-28 ubudala futhi izingane zabo zisencane.

Noma-ke umndeni omcane kaRoy wawuse-Idaho futhi umama wami wayesethuthele eNew Jersey, e-USA okucishe kungamamayile angu 2,500 (4,025 km), njalo wayebabhalela izincwadi zothando futhi ezigqugquzelisayo. Umndeni kamalume wami ngothando wawubiza umama wami ngo "Anti Mid."

Iminyaka yadlula, futhi ngolunye usuku ngathola ucingo olwaluvela komunye umzala wami. Ngatshelwa ukuthi umfelokazi kaRoy wayeseshonile. Umzala wami wathi, "U-anti Mid wayengafuna ukuthi wazi." U-anti Mid wayeseshone kudala, kepha umndeni wawusezwa uthando lwakhe futhi wafinyelela ukuba ungitshele.

Ngamangala ngokubona ukuthi umama wami wayedlale indima efanayo nalena yabaphrofethi abangamaNefi ababeyidlalile emindenini yabo ngokuhlala eduzane nezihlobo lezo ababefuna ukuziletha evangelini lika-Jesu Kristu. UNefi wabhala umbhalo ayethemba ukuthi uzakugqugquzela izingane zabafowakhe ukuba zibuyela kukholo lomphatriyakhe wazo, uLehi. Amadodana kaMosiya atshengisa lolothando olufanayo njengoba ayeshumayela ivangeli kwizizukulwane zikaLehi.

Inkosi isinikeze izindlela ukuze thina sizwe uthando emindenini leyo ezaqhubeka ingunaphakade. Namuhla intsha eBandleni izwa izinhliziyo zayo ziguqukela emindenini yazo. Ifuna amagama amalungu omndeni lawo angazange athole ithuba lokuthola izimiso zensindiso kulempilo. Ihambisa lawo magama ethempelini. Ngenkathi ingena emanzini okubhabhadisa, ithola ithuba lokuzwa uthando leNkosi kanye nelamalungu omndeni lawo ewenzela izimiso esikhundleni sabo.

Ngisakhumbula uthando olwaluphakathi kwezwi lomzala wami owashayela ucingo wasethi, "Umama wethu useshonile, futhi u-Anti Mid ubengafuna wazi."

Kulabo abenzela amalungu omndeni izimiso nikhombisa uthando, njengoba amadodana kaMosiya kanye nomphrofethi uNefi benza. Njengabo, uzakuzwa injabulo ngalabo abamukela umnikelo wakho. Nawe ungathola ukuzwa ukunethezeka okukhulu njengoAmoni, owathi ngomsebenzi wobufundisi phakathi kwamalungu omndeni aqhelile:

"Ngakho-ke, masidumise, yebo, siyakudumisa eNkosini; yebo, thina siyakujabula, ngokuba injabulo yethu igcwele; yebo, thina siyakumdumisa uNkulunkulu wethu kuze kube phakade: Bhekani, ngubani ongadumisa kakhulu eNkosini na? Yebo, ngubani ongasho kakhulu

ngamandla akhe amakhulu, kanye nangesihawu sakhe, kanye nangokwephuza kwakhe ukuthukuthela maqondana nabantwana babantu na? Bhekani, mina ngithi kini, mina anginakusho ngisho ingxenye nje encane leyo mina engiyizwayo." (uAlma 26:16).

Ngibeka ubufakazi bokuthi imizwa yothando onayo ngamalungu omndeni akho—noma yikuphi lapho ekhona—ingukugcwaliseka kwisithembiso sokuthi u-Eliya uzokuza. Weza. Izinhliziyo zabantwana ziphendukela kobaba bazo, kanye nezinhliziyo zobaba ziphendukela kubantwana babo (bona uMalakhi 4:5–6; Joseph Smith—Umlando 1:38–39). Uma uzwa unesifiso sokuthola amagama okhokho bakho futhi uwathathe lawo magama uwayise ethempelini, uzwa ukugcwaliseka kwesiprofetho.

Kuyisibusiso ukuphila esikhathini lapho isithembiso sokuguquka kwezinhliziyo sigcwaliseka. UMildred Bennion Eyring wezwa lolugqozu enhlizweni yakhe. Wayewuthanda umndeni kamfowakhe, futhi wayefinyelela kubo. Bezwa izinhliziyo zabo ziguquka othandweni ku-anti Mid ngoba bebazi ukuthi wayebathanda.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Ungahle ufune ukufunda ngeziphrofetho zikamoya ka-Eliya nalabo obavakashelayo (bona uMalaki 4:5–6; Joseph Smith—Umlando 1:38–39). Xoxisana mayelana ngezindlela ongazibandakanya ngazo ngomlando womdeni, usebenzise amathulusi anjengokuhlela amagama, izithombe, kanye nokubhala imicabango yakho. Uma labo obavakashelayo benganalo ulwazi ngo FamilySearch.org, cabanga ngokuthatha isikhashana ubababonise.

## INTSHA

## Ukwazi uGogo Wami

**NguJewelene Carter**

Kwenye yamaProjekthi ami Yabasefazane Abasebasha, ngazinikezela ukuba ngisize ugogo wami ukuze athole amadlozi akhe ngokubheka kumamicrofilm egumbini lomlando womndeni eMesa, Arizona, USA. Njengoba sasihlezi ndowonye futhi sifuna umndeni wethu, ngaqala ngacabanga: "Ngempela ngiyazi kabanzi ngogogo wami ohlezi eduzane kwami na?"

Sathola amalungu omndeni amaningi, salungiselela imininigwane yawo, futhi sahamba saya eThempelini laseMesa e-Arizona ukuyokwenza imisebenzi yabo yokubhabhadiswa kanye nokuqiniswa. Kungekude nje emva kwalokhu, ugogo wami wanginikeza umqulu ohlanganisiwe womlando womndeni wakhe.

Ngoba uphethwe yisifo samathambo omzimba, kunzima ukuba ugogo wami athayiphe. Ngiyakujabulela ukumsiza kwikhomputha. Sobabili, sibhala izindaba zempilo yakhe ukuze imindeni yethu izuze ngokomoya. Ngiyathanda ukuba yingxenye yempilo yakhe futhi nokufunda kakhulu ngomlando weBandla njengoba sisebenzisana kulamaprojekthi.

*Umbhali uhlala eVirginia, e-USA.*

## IZINGANE

## uThando eKhaya

*Ngokuzithoba amazulu ngaphezulu ayamoyizela*
*Uma kunothando ekhaya;*
*Wonke umhlaba ugcwele uthando*
*Uma kunothando ekhaya.*

("uThando eKhaya," *Amahubo,* no. 294)

UBaba waseZulwini ufuna ukuba sithande imindeni yethu ukuze sibe nenjabulo. Uma sisebenzela imindeni yethu kakhulu, sizakuthanda kakhulu uBaba waseZulwini kanye nemindeni yethu.

Dweba izinhliziyo ocezwini lwephepha bese uyazisika. Bhala amanothi ajabulisayo noma udwebe izithombe kuwo bese uzethula ngasese kumalungu omndeni wakho. Bheka ukuthi kuzobenza bejabule kanjani!

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. English approval: 6/14. Translation approval: 6/14.
Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, July 2014.* Zulu. 10867 783

# Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: Ummeli

*Ngomkhuleko funda lombhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuzwisisa impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kuzakhulisa kanjani ukholo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya kureliefsociety.lds.org.*

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

*Lena ingxenye yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Yokufundisa Ngokuvakasha ephathelene nomsebenzi woMsindisi.*

UJesu Kristu ungummeli wethu noBaba. Igama *ummeli* linezimpande zolwimi lwesiLathini ezisho ukuthi "lowo onxusela abanye."[1] Umsindisi uyasinxusela, ngokusebenzisa ukuqonda, ukulunga, kanye nomusa. Ukwazi lokhu kungasigcwalisa uthando kanye nokubonga ngokuHlawulelwa Kwakhe.

"Lalela [uJesu Kristu] ongummeli kanye noBaba, okunguye okunxusela indlela yakho phambi kwakhe—

"Ethi: Baba, bheka ukuhlupheka nokufa kwakhe ongenzanga sono, yena othokozayo ngaye; bheka igazi leNdodana yakho elaphalaliswa, igazi lakhe lowo wena owanikezela ngaye ukuba wena mawudunyiswe.

"Ngakho-ke, Baba, gcina labafowethu bami labo abakholelwa egameni lami, ukuze beze kimina futhi babe nokuphila okungunaphakade" (D&C 45:3–5).

NgoKristu onguMmeli wethu, iGosa uD. Todd Christofferson weKhoramu yabaPostoli Beshumi Nambili wathi: "Kubaluleke kakhulu kimina, ukuthi ngingahle noma ngasiphi isikhathi noma kusiphi isimo ngifinyelele ngomthandazo esithebeni somusa, ukuthi uBaba wami waseZulwini uzosizwa isikhalo sami, ukuthi uMmeli wami, yena lowo ongenzanga sono, ogazi lakhe laphalala, uzanginxusela icala lami."[2]

### Kuvela Embhalweni Ongcwele

uMozaya 15:8–9; uMoroni 7:28; iMfundiso neziVumelwano 29:5; 110:4

### Kuvela Emlandweni Wethu

Kuwowonke umlando weBandla leNkosi, abesifazane abangabalandeli bakaJesu Kristu balandele isibonelo Sakhe. U-Esteri wayengummeli owayethembekile futhi owayenesibinidi. Umzala wakhe uMoridekayi wamuthumelela ikhophi lempinda yomthetho yenkosi eyisho ukuthi amaJuda mawabhujiswe, futhi wamyala ukuthi enze isicelo phambi [kwenkosi] ngabantu bakhe." Wagcwalisa ngokuthi: "Futhi ngubani owaziyo ukuthi mhlawumbe ufike embusweni ufikele isikhathi esinjenganalesi?" (u-Esteri 4:8, 14.)

Ngaphandle kwengozi yokuba ngummeli wabantu bakhe, u-Esteri wavuma "Ngakho-ke ngizongena enkosini, noma kungengamthetho: futhi uma ngibhubha, ngiyabhubha" (u-Esteri 4:16).

U-Esteri wase ekhuluma ngokuzithoba enkosini futhi "wabe ewela phansi ezinyaweni zayo, futhi wase eyicela ngezinyembezi. . .ukuba ihlehlise izincwadi. . . zokubhujiswa kwamaJuda. Wangezelela ngokuthi, "Ngingaqinisela kanjani ngibone ukubhidlizwa kwabantu bami na?" (bona u-Esteri 8:3, 5–6). Inhliziyo yenkosi yathamba, futhi yamunikeza isicelo sakhe.[3]

**AMANOTHI**

1. Bona uRussell M. Nelson, "Jesus Christ—Our Master and More" (Brigham Young University fireside, Feb. 2, 1992), 4; speeches.byu.edu.
2. D. Todd Christofferson, "I Know in Whom I Have Trusted," *Ensign,* May 1993, 83.
3. Bona *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 180.

### Cabanga Ngalokhu

Kungenzeka kanjani ukuthi ubummeli bukaJesu Kristu bugqugquzele thina ukuba selule umusa kanye nokuxola kwabanye?

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. English approval: 6/14. Translation approval: 6/14.
Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, July 2014.* Zulu. 10867 783